basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-30.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C:	Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/ubuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO			
Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.			
INOMBOLO YOMBUZO	**UMBUZO**	**AMAMAKI**	**INOMBOLO YEKHASI**
1. 'Nkosi Sikelel' i-Afrika'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Ngizw' uthando'	Umbuzo omfushane	10	8
3. 'Ngibonga Ngiyanconcoza'	Umbuzo omfushane	10	9
4. 'Akasekho'	Umbuzo omfushane	10	10
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.			
5. 'Mntanami Ngiyoziqhenya Ngawe'	Umbuzo omfushane	10	11
QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C.			
ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO			
INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.			
6. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omude	25	12
7. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omfushane	25	12
8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omude	25	14
9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omfushane	25	14
10. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omude	25	16
11. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omfushane	25	16
12. *Impi Yabomdabu Isethunjini*	Umbuzo omude	25	18
13. *Impi Yabomdabu Isethunjini*	Umbuzo omfushane	25	18
NOMA			
UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.			
14. *Uju Lwezizukulwane*	Umbuzo omude	25	20
15. *Uju Lwezizukulwane*	Umbuzo omfushane	25	20
ISIQEPHU C: UMDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.			
16. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omude	25	25
17. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omfushane	25	25
18. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omude	25	27
19. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omfushane	25	27
20. *Ubhuku Lwamanqe*	Umbuzo omude	25	29
21. *Ubhuku Lwamanqe*	Umbuzo omfushane	25	29

QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	

QAPHELA: ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

NKOSI SIKELEL' I-AFRIKA' – CT Msimang

Bathwele bayasisitheka;
Ijoka nalo yingcindezi;
Ezimbukwini bayabisha;
Udondolo lwabo yithemba,
Ukholo lwabo luwubhoko,
'Nkosi sikelel' i-Afrika!'

Inkulu inkolo nethemba,
Kukhulu nokukhamelela,
Amakhand' agobodisile
Okwezimv' ezibalalinye,
Ezingemelane nelanga,
Ilanga elibuka konke!

Imilomo iyizigidi,
Iphimbo labo lona linye,
Izwi labo lingumqukuthu,
Abezinhlanga nezilimi
Bathandaza ngamoya munye:
'Nkosi sikelel' i-Afrika!'

Isaho enhlonhlweni yezwe,
Senanelwa eziqongweni;
Senanelwa ezigodini;
Simumethwe nayimifula;
Sifukulwa nayimimoya;
Sifukulelwa kuy' indlebe.

Baphuhle phezu kwendumalo,
Nanxa ubusuku bubude;
Balindel' indonsa nekhwezi.
Nanxa ubusika bubude;
Balindel' uMfumfu noLwezi:
'Nkosi sikele' i-Afrika!'

Bayahlangana behlakazwa;
Bayehlukana behlangene;
Bayakluluzana bemunye;
Bayahlaselana bemunye;
Bamemeza ongabonwayo
Ongabenza babe yimbumba.

37	Zoba yisis' izinyembezi,
38	Zohwamukela emafini,
39	Zoshoqongana zibe yifu,
40	Ifu liyophenduk' umvimbi,
41	Kumile ithemba elisha,
42	Izwakele imithandazo:
43	'Nkosi sikelel' i-Afrika!'

Phawula ngokuphumelela kwembongi ekwethuleni umoya oqukethwe yile nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umoya wenkondlo.
- Ukuphawula ngokucaphuna izibonelo zomoya wenkondlo.
- Ukuveza uvo lwakho. **[10]**

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIZW' UTHANDO – JM Sikakane

Ngizw' uthand' olujulileyo,
Lungisa kwezidephil' iziziba,
Lungisibekela ngenkung' ethe khuhle,
Ngimfom' izithukuthuk' ezipholileyo.

Ngizw' uthand' oluzonzobele,
Lungidoba lungiqhwebaqhweba,
Ngizibe nje ngingazibe lutho,
Ngithule nje ngingathule cwaka.

Ngizw' uthando oluntofontofo,
Lungintofoza lunginwayanwaya,
Ngizwe ngiswakama wonk' umzimba,
Ngijuluk' ungiyojuluka.

Ngizw' uthando lungiphenduphendula,
Ngibe ngiyathe ngiyalala ngingalali,
Ngibe ngiyathe ngiyazumeka ngingazumeki,
Ngiqwash' ungiyoqwasha.

Ngizw' uthando solokhu lungibelesele,
Lungiphendul' isiduphunga sansondo,
Lungiphaphathekisa lungiphuphuthekisa,
Ngizul' izinkalo nezinkangala.

Ngizw' uthando lungithi nsi fumbe,
Ngomthwal, engingenakuwuthwala;
Ngisho ngisebenza ungisind' ungisithibeze,
Imicabango yami, izul' unozulane.

Ngizw' uthando' olungumzwangedwa,
Lunginakile ludlala ngami,
Lungiphehl' enhliziyweni,
Ngingawuthi mbibi ngisho nowami nje.

Ngizw' uthand' olusanganisayo
Lungiphonsa la lungiphonse le,
Lungihlome phezulu lungihlome phansi,
Lungimise ngekhanda ngizululeke.

Yebo, yebo, ngiyazisa luthando?
Ngiyayivum' eyakh' induku,
Ngiyazinikela Kuwe, ngiyathela,
Phinde ngithi ngiyakubalekela;
Ngingeze neze neze ngenz' enjalo.

Maye! Maye! Kant' unje luthando?
Usungigolele kowakh' umgod' ojulileyo,
Umgod' oyisimuk' esifuthelene!
Akusenani, usungahlule singalwanga!

2.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni lokuqala bese usho nohlobo lwayo. (2)

2.2 Yikuphi okungumehluko ngokomqondo oqukethwe yibinza lesi-3 nebinza lesi-4? (2)

2.3 Ngabe ukusetshenziswa kwesifengqo okusemgqeni wesi-6 kunamthelela muni ekuqondeni kwakho leli binza? (2)

2.4 Chaza ukuthi isibabazo esitholakala emgqeni wama-38 sikwelekelela kanjani ukuqonda ithoni yaleli binza. (2)

2.5 Phawula ngokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo. (2)
[10]

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIBONGA NGIYANCONCOZA – Imbongi ayaziwa

Okweguqa lithath' ubunkunzi,
Lisacij' izimpond' okweklwa
Licijwa ngomlalazi.
Okwenzulu yeziziba ngisajula,
Nakhu sebengibek' umgqiki
Ebandla lezingengelezi,
Bengithwesa isicoco
Ngokudla umhlanganiso ngezinduku zomsimbithi.
Ngincoma ngiyanconcoza kubaciji bezimpondo,
Bezicija ngenjulo yenzulu yosikisiki.
Ngiphikelele kwelezinyandezulu,
Ningadinwa ukulokhu nicija izimpondo;
Umkhondo wokhondolo lwamaklume
Uyohluma ngengqakazo yemikhondo yanamuhla
Ngob' inkunz' isematholeni.

3.1 Tomula imigqa EMIBILI esebenzise isifengqo esiyisifaniso etholakala kule nkondlo. (2)

3.2 Chaza kafushane umyalezo oqukethwe umugqa odwetshelwe. (2)

3.3 Chaza ukuthi ukuhleleka kwemigqa ngobude nangobufushane kunamthelela muni enkondlweni. (2)

3.4 Iyini imbangela yokuthi imbongi iphindaphinde igama elithi 'cija' kule nkondlo? (2)

3.5 Phawula ngokusetshenziswa kwesaga esitholakala emgqeni we-15 kule nkondlo. (2)
[10]

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

AKASEKHO – LTL Mabuya

Besinaye MANJE-
Ngokuphazima kwehl' akasekho;
Unyamalele!
Kuthiw' akagoduke,
UGODUKILE!
Akasekho …
Besinaye MANJE;
Uhambile.

Kazi ngizomtholaphi?
Kazi ngizomthungathaphi?
AKASEKH' UKUB' ENGEKHO!
Besinaye MANJE;
Ngokunyazima kweso
AKASEKHO:
UHAMBILE,
Kodwa besinaye MANJE!

HAMBA, Mbalenhle:
Ungakhohlwa YIMI!
Hamba Ntombenhle;
Ungikhumbul' emsingeni,
Emsingeni wamagagas' ezinhliziyo;
Nasemgugweni wothando lwezinhliziyo,
Laph' umkhumbi wothando ngiwugwedla;
Siphothana sipilingana sishwilingana
Kuyimin' umgwedli sipilingana!

AKASEKHO?
Goduka Gugw' elihle:
Nami ngilapha nje
KANGISEKHO! Angikho nhlobo;
Ngithathekile; Ngithathekile
SENGIYALANDELA
Angisekho ngempela:
Lutho! KANGISEKHO!

4.1 Nikeza umqondo ovezwa amagama ayisihlonipho adwetshelwe atholakala emgqeni wesi-4 nowesi-5. (2)

4.2 Chaza kafushane umoya olethwa ukuphindaphinda kwegama 'AKASEKHO' elitholakala enkondlweni. (2)

4.3 Bhala umbono wakho ngokusetshenziswa kwe-enjambamenti etholakala emgqeni wama-24 kuya kowama-25. (2)

4.4 Chaza imbangela yokusetshenziswa kosonhlamvukazi emgqeni wama-31 ukwethula umyalezo. (2)

4.5 Hlolisisa okushiwo imbongi emgqeni wama-33. Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

MNTANAMI NGIYOZIQHENYA NGAWE – ASM Zuma

Manje uqhoshiqhoshise izinyawana
Phansi kwalesi siphuku;
Udlalidlalisa iminwana;
Umehlomhlophe, ungavusi zinhlonze;

Uma ukhule uyilokhu oyikhona,
Ngimemeza usabele,
Ngeluleka kuzwele,
Ngexwayise kubonakale,
Mntanami ngiyoziqhenya ngawe:

Uma ngingezwanga sililo
Kumagumbi ngamagumbi omhlaba,
Kuthiwa, O! nango wena,
Ngibizwe ngongazalanga owabol' amathumbu-
Ngane ngiyoziqhenya mntanami.
Uma ungebhalwe ndawo kokubi;
Ngilal' obenyoni ngethuk' izanya;
Ingabe ngizozwa kuphi ngawe,
Ngane yami ngiyothokoza ngawe.

Nxa ungavika imimoya;
Ubambe le mfumbe engikufumbathisa yona;
Izibusiso ziyogobhoza njengamanzi mntanami.

[Icashunwe encwadini ethi, *Usinga 1*, NS Ntuli]

5.1 Tomula imigqa eyinjambamenti etholakala ebinzeni loku-1. (2)

5.2 Chaza kafushane ukusetshenziswa kwemvumelwano-sigcino emgqeni wesi-6 kuya kowesi-8. (2)

5.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba emigqeni we-12 kusigqamise kanjani isigqi sale nkondlo. (2)

5.4 Ngabe umoya otholakala ebinzeni loku-1 unamthelela muni ekuqondeni kwakho leli binza. (2)

5.5 Hlolisisa ngokusetshenziswa kwethoni ebinzeni lokugcina etholakala kule nkondlo. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba enovelini ethi: *Bengithi Lizokuna.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwanga-ma-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda senoveli.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda senoveli ukukhulisa indaba. **[25]**

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Kunjani Hlomuka?' wayebuza ngenjabulo.
'Sikhona baba. Washaya ngisathi ngizoshaya nje nami ngisho ukuthi ngiyeza.'
'Kwangcono-ke uma kanti nawe uyeza ngapha. Nami ngifisa kakhulu ukukubona, kunento …' Azibambe sekuthi akayitshele indodana yakhe enguzinyo bulala ukuthi kunesipho esikhulu ayithengele sona.
'Ngizofika-ke khona namuhla ntambama. Kunodaba engifisa …' Abindeke, kucace ukuthi kunzima lokhu afuna ukukusho.
'Hawu wangethusa manje ndodana. Daba luni ofuna siluxoxe?' ebuza ngexhala.
'Ngeke saluxoxa ocingweni baba. Sizoxoxa kahle uma sengilapho.'
'Hhayi, ngiyezwa Hlomuka. Kasethembe-ke ukuthi kakukho macala ongizela nawo,' kuvalelisa uNgidi seluthi kalumbulale uvalo. Kungenzeka yini ukuthi lo mfana emncane kangaka usenze amacala? Angambulala nya. Kodwa hhayi, udlala ngomfana wakhe, usekhulakhulile. Empeleni ukuba kusekuqala nje ngabe ushadile manje. Usuke engasemncane umuntu oseqede ethekhnikhoni, oseneminyaka emibili esebenza.

Nebala lalithe lithambama wayetheleka uMhlengi, indodana kaNgidi. **Wayeyibone iza le kude uyise, waphuma endlini, wahlala kuvulande emva kokuyivulela isango. Yanele yangena nje ngesango imoto, wasukuma uNgidi eseyihlangabeza. Wo, wayengazi ukuthi uMhlengi umhlangabeza nje umzela nezindaba ezamshiya edidekile, efelwe yizwe.**

Lwabuya njengoba lwalunjalo loluya suku engqondweni kaNgidi. Uyakhumbula imtshela insambatheka indodana yakhe, imtshela ukuthi yona inemizwa eyenza ithande abantu bobulili obufana nobayo. Uyakhumbula eyibuzisisa, ecabanga ukuthi hleze ibincokola nje. Uyakhumbula igcizelela ngezinyembezi ukuthi kayisenakushintsha kulokhu esiyikho. Uyakhumbula eyixosha indodana yakhe okuwukuphela kwayo. Uyakhumbula efunga egomela ethi uyayesula emafeni akhe. Yebo, uyalukhumbula lonke usizi lokuklebhuka kwenhliziyo sengathi ufelwe yizwe. Uyayikhumbula imizuzu, amahora okuqwasha ebusuku ethatha ebeka. Uyayikhumbula imizuzu enzima evuka ebusuku eyoguqa ethuneni lomkakhe ekhihla isililo, engenakumvusa emva kweminyaka emingaka, engenakumcela ukuba ake ambonise ukuthi insambatheka enje yenziwa njani.

Yebo yilokho kudumazeka okwenza uNgidi wagcina esikhalela isikhathi eside kangaka ezithiba ethi wenzela ukukhulisa indodana yakhe ukuze ngelinye ilanga ibe yindoda ayoziqhenya ngayo, afe enethemba lokuthi onke la mabhizinisi uwashiya ezandleni eziphephile. Nakho-ke lo mfana esekhuluma umsangano angakaze awuzwe ngisho nasemlandweni wokhokho bakhe. Ukhona kodwa umuntu ophila kahle ekhanda ongathi akazifuni izintombi ezinhle kangaka ezizalwa imihla namalanga, kunalokho ukhetha ukuthandana nenye insizwa enjengaye?

Impela wayesezibona esefelwe yizwe uNgidi. Kanti kuzothi engalindele nje, ishintshe impilo yakhe. Phela ishintshwa nguNomalanga, intokazi yakwaNdlovu abatholana nayo ethi uzishayelwa ngumoya nje ebhishi eMargate, esapholisa ikhanda. Kwaqala kancane nje, hhawu, lwakhula uthando. Nakhu nje manje sebekhuluma eyokushada. Yikho konke lokhu osekumenze wabuyelwa yithemba lempilo uNgidi.

7.1 Nikeza isizathu esenza umlingiswa onguMhlengi ashaye ucingo ngokwalesi siqeshana. (1)

7.2 Ludalwa yini udweshu lwangaphakathi kuNgidi kulesi siqeshana? (3)

7.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (2)

7.4 Xoxa ngomoya otholakala emagameni aqgamile kulesi siqeshana. (4)

7.5 Chaza ukulandelana kwezigameko ezaholela ekuzikhungeni kukaNkululeko. (3)

7.6 Ucabanga ukuthi wawuzobanjani umphumela empilweni yomlingiswa onguNontobeko ukube waqhubeka nokugana uNkululeko? (2)

7.7 Qhathanisa uthando lomlingiswa onguNgidi kanye noNontobeko ngoMhlengi ekudluliseni indikimba yethemba kule noveli. (3)

7.8 Ngabe umusho odwetshelwe umveza njengomlingiswa onjani uNgidi? (2)

7.9 Uyavumelana yini nokuthi le noveli iphele ngovuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.10 Phawula ngokwenzeka esethulweni sale noveli mayelana namagugu omphakathi (indlela eyamukelekile yokuziphatha) ubhekise kumlingiswa onguXolani. (3)

[25]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba enovelini ethi: *Usumenyezelwe-ke Umcebo.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwanga-ma-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda senoveli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba. **[25]**

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

'Kodwa bandla, Nkosi yami! Genye usuwulandelani lo bhiya ngoba kwalona okulawa mabhodlela awukawuqedi nje?' embona ehlala ezilahla esihlalweni.
'Awungiyeke Miliyemu ngidle imali yomnakwethu.' ephuza ubhiya.
Wathwala amehlo uMirriam wathi. 'Ubani manje umnakwethu?'
'WuDayisi. Kungabuye kube wubani omunye?' ezama ukuqinisa amehlo.

'UDicey kanti akamlungu wami yini? Musa ukungihlolela wena!'
'Mina phela ngazi ukuthi amasoka aqabulayo,' enambuza. 'Uqabule wena phela, mina wathi angiqabule ingilazi.'
Wawehlisa umoya uMirriam wathi, 'Phela yimpucuko yakobelungu leyo. Uma ekuthakasela noma ekubongela, noma-ke nivalelisana uyakwanga. Ngalokho usuke ekuqabula isilungu, hhayi ngothando.'
'Angazi phela mina,' egonyuluka ubala. 'Ngiyaye ngikuzwe kuzifanela nje ukuqabula, kukho kukhala umncwa ofanayo. Angazi ukuthi uBhulendi uwubamba nini umjaho nami kengimqabule ngoBantu khisi.'
'Genye awuqede utshwala lobo sihambe. Okunye siyokukhuluma ekhaya.'

'Ngilandele ushintshi esichakeni,' egebela emuva naphambili egonyuluka. Wasukuma uMirriam wayobalelwa, wabuya nawo. Wamfica uGenyeza emamatheka ebuka indoda emhlophe yezimanga eyase ibala ngeminwe qede inikine ikhanda. **'Yisigwili impela lesi esithi noma sesidakiwe singakhohlwa wukubala izimali. Nani kumbe niyozibala kanje kusasa. Bushaye mfo kantazinga! Bushaye ubuthandazele basi!'** eyibongela indoda ikhanda isiligebisela emuva naphambili ilwa nokukhumula uthayi ungaphumi.

'Genye, kodwa bazothini abanye obasi?'
'Awungiyeke wena ngibongela umfo kaPelepele. Bushaye ungabuyeki basi'! Uyophinde ubutholephi ngoba ezulwini abulokothwa? Kudliwa amapetshisi namagilebhisi angavutshelwe, kuphuzwe umculo kuphela.'
'Ungalihleki inxeba lenye indoda ngoba maduze nje kungase kube ngawe.'
'Mina angiyena umafikizolo etshwaleni ohlanya ashaye amagqeshane,' endwaza egebisa nekhanda.
'Hhayi bakithi, wukuhlupheka kodwa lokhu,' uMirriam esukuma egaxa isikhwama qede emethwese isigqoko uGenyeza, emnika nomshiza. Bahamba embambile uGenyeza owayesebambelela ngezihlalo.
'Uphi uDayisi nemoto? Kelekeqe, waziwela umshiza.
'Usuyamkhumbula manje. Akaseyena manje umnakwenu? Hamba wena, uyeke ukuganga,' esho emcoshela umshiza emnika uziyaqhiyama owayeseqhuba imbuzi, ilahleka naye ngapha nangapha. 'Uzomqabula kanjani umesisi ngeBantu Kiss uma usunje?' Bephuma ngakho kodwa nje ehhotela wawa futhi umshiza. Wafola uGenyeza ethi uyawucosha, kwawa isigqoko, yena walandela sona, waguqa ngamadolo. 'Angazi ukuthi nomshiza lona ubusawusaphi.' Wathetha uMirriam efola emvusa, nesigqoko esibuyisela ekhanda, emnika umshiza. 'Uthi uyamkhuza umuntu, aqinise ikhanda angakulaleli ngoba uwumuntu wesifazane. Manje sekuyimina esengilokhu ngihlupheka ngicoshana nomshiza. Ngesikhathi ngithi inxeba lendoda alihlekwa, uhleka unkosana, uthe wena awuyena umafikizolo. Unjani uma usunje?' Wayesenjani? Wayesencike ngesigxobo sikagesi egonyuluka ubala. Ekuphumeleni kwabo phandle, UGenyeza athole kusemini kwabha, ihora lokuqala selizogamanxa, nelanga likhipha umkhovu etsheni, lathi ngci igwebu enhliziyweni, wagonyuluka.

9.1 Nikeza isizathu esenza umlingiswa onguGenyeza alande omunye ubhiya ngokwalesi siqeshana. (1)

9.2 Ludalwa yini udweshu lwangaphandle phakathi kukaMirriam noGenyeza? (3)

9.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana senoveli. (2)

9.4 Xoxa ngomoya otholakala emagameni aqgamile atholakala kulesi siqeshana. (4)

9.5 Chaza ukulandelana kwezigameko ezaholela ekutheni uMaHadebe agcine esesibhedlela. (3)

9.6 Ucabanga ukuthi wawuzobanjani umphumela empilweni kaMirriam ukube umlingiswa onguDicey akazange amnikeze ithikithi le-pick six? (2)

9.7 Qhathanisa uthando lomlingiswa onguChule kanye noGenyeza ngoMirriam/ Nomvula ekudluliseni indikimba yale noveli. (3)

9.8 Ngabe isimo sokukhuluma esidwetshelwe simveza njengomlingiswa onjani uMirriam? (2)

9.9 Uyavumelana yini nokuthi le noveli iphele ngepholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)

9.10 Phawula ngokwenzeka esethulweni sale noveli mayelana namagugu omphakathi (indlela eyamukelekile yokuziphatha) ubhekise kumlingiswa onguNomvula kule noveli. (3)

[25]

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba enovelini ethi: *Kunjalo-ke.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda senoveli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngokuphumelela kombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba. **[25]**

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA C

'Thishomkhulu, sizokubikela ukuthi omunye wabafundi ukhulelwe,' kusho uMemu Mpungose. Athi dlengelele uthishomkhulu.

'Ngubani lowo mfundi?'
'NguDumazile Kheswa thishomkhulu.'
'Awu! Lo mntwana obeziphethe kahle kanjena uselimele?'
Athi ukuthula kancane uthishomkhulu, ancincize, bese ethi:
'Abazali bashaya phansi ngonyawo bathi abasalindele mfundi ozokhulelwa kulesi sikole. Isikole sahlazeka kabi, saphuma emaphepheni ngonyaka owedlule; abafundi bezitshela ukuthi sebezokhulelwa ngonoqhakala ngoba bejahe imali yeqolo. Awulwazi usizi engaluthwalayo ngenkathi umfundi esebelethela ngaphakathi kwamagceke esikole! Nani bomemu nangiyekelela nje ngithi lekelelani.'

'Thishomkhulu, ukukhulelwa akuyona ingozi, kodwa kungamabomu nje. Umuntu osuke ekhulelwa usuke azi kahle ukuthi wenzani. Angazi ukuthi abafundi bamantombazane banconywe kuphi ngalokhu kukhulelwa kwabo. Thina thishomkhulu safundela ukufundisa, hhayi ukubelethisa. Sabona ukuthi asinalo ikhono, isineke kanye nobizo lobuhlengikazi. Futhi-ke thishomkhlu, lo msebenzi wokubelethisa ubucayi kabi! Kunezinto zakhona ezetshenziswayo ezandleni ukuvikela amagciwane. Sekwasabalala nezifo ezinjengomashayabhuqe, kulula kabi ukuthelelana ngaso.'

'Uqinisile memu. Yiqiniso lelo. Abantu abaningi bacabanga ukuthi ingculazi ithathelwana ngokocansi kuphela, kanti cha.' Uthishanhloko watshela umemu ukuba abize uDumazile. Waphuma. Kwathi nya nya wabuya naye. Bangena, bahlala phansi. Uthishanhloko akabange esachitha sikhathi, wahlala amagqozo odabeni.

'Dumazile, sekufikile ezindlebeni zami ukuthi wena sewukhulelwe. Kuyiqiniso lokho?'
UDumazile abheke phansi. Izinyembezi zigcwale amehlo. Uthishanhloko aqhube athi:
'Ngizwa ngidabuka ndodakazi! Qiniso, ngiyadabuka. Inqubo nenkambiso yesikole ayingivumeli ukuba ngikugcine lapha esikoleni. Le ndawo ingeyabafundi abazofunda. Wena sewuzikhethele omunye umunxa wempilo. Ngaleyo ndlela-ke ngiyadabuka ukusho ukuthi thatha izincwadi zakho ugoduke. Utshele abazali bakho ukuthi awuxoshiwe yimina, kodwa uzixoshe wena. Kuyezwakala?' Wathula uDumazile wabheka phansi.

'Uthishomkhulu ukhuluma nawe wena! Wabheka umhlabathi nje, awuzwa yini?' Kwenanela uMisi Hlophe. Uthishanhloko waphendukela ngakumemu, wathatha wathi: 'Siyabonga memu! Siyabonga ukuba nibe yihlo esikoleni. Ngihleze ngibatshela abafundi ukuthi baziphathe kahle kulo mhlaba ngoba uyahlaba.'

'Yebo thishomkhulu, siyabonga nathi,' kubonga uMemu Mpungose.

Uthishanhloko wadonsa ibhuku lakhe, wabhala phansi isehlakalo sosuku. Kwathi angaqeda, watshela uDumazile ukuba aphume. Nempela kwaba njalo.

'Kunjalo nje memu, ayikho futhi enye indlela. Kufanele agoduke lo mntwana.'
'Thishomkhulu, awusabi yini ukuthi uzokumangalela uDumazile ngokumxosha kwakho esikoleni?' kubuza umemu ecabanga izinkulumo zabanye othisha abaphikisanayo nokuxoshwa komfundi esikoleni.

'UDumazile akaxoshiwe esikoleni. Ugodukisiwe nje ukuba alande abazali bakhe ukuze bazochazela umkhandlu owengamele isikole ukuthi kuyokwenziwa njani uma umntwana wabo eseficwa yisikhathi sokubeletha esemagcekeni esikole njengoba singenayo i-ambulense njena. Yilokho nje memu.'

11.1 Nikeza isizathu esenza umlingiswa onguMemu Mpungose eze ehhovisi likathishomkhulu ngokwalesi siqeshana. (1)

11.2 Ludalwa yini udweshu lwangaphandle phakathi koMemu nothishomkhulu kulesi siqeshana. (2)

11.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana senoveli. (3)

11.4 Xoxa ngomoya otholakala emagameni aqgamile atholakala kulesi siqeshana. (4)

11.5 Chaza ukulandelana kwezigameko ezaholela ekupheleni komcebo kaSithole. (3)

11.6 Ucabanga ukuthi wawuzobanjani umphumela empilweni kaMtalaselwa ukuba wayelalele unina emkhuza ukuba ashadelwe uDumazile? (2)

11.7 Qhathanisa uthando lomlingiswa onguMoloi kanye noSithole ngoDumazile ekudluliseni indikimba wale noveli. (3)

11.8 Ngabe umusho odwetshelwe umveza njengomlingiswa onjani uthishomkhulu? (2)

11.9 Uyavumelana yini nokuthi le noveli iphele ngepholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)

11.10 Phawula ngokwenzeka esethulweni sale noveli mayelana namagugu omphakathi (indlela eyamukelekile yokuziphatha) ubhekise kumlingiswa onguDumazile. (3)

[25]

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba enovelini ethi: *Impi Yabomdabu Isethunjini.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwanga-ma-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda senoveli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni isizinda ukukhulisa indaba. **[25]**

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA D

Wahlala esitadi uNgubane ecabanga kodwa engafiki ndawo. Wayethuka ubala, elindele ucingo olumbikela ngo-*Euthenasia*. Wayengakholwa ukuthi leli bhoxongwane elife engozini yemoto kungabe yindodana yakhe. Wayekholwa ukuthi u-*Euthenasia* usaphila, futhi uzoshaya ucingo asho ukuthi ukuphi. Ilanga laseThekwini ngentwasahlobo liyahlaba. Noma umuzi kaNgubane wawupholile, wayejuluka uNgubane, kuthi makaphumele phandle. Wayethi uma esephandle ukushisa kuthi makabuyele endlini.

Amagenugenu emicabango eyayingqubuzana ngaphakathi kwakhe athi makathinte abameli bakhe kodwa wazikhuza. Wayengazi ukuthi uzothi mabenzeni, kuphi, obani? Isifiso sakhe kwakungukufuna ukwazi ukuthi indodana yakhe ikuphi, nokuthi yenzani. Okunye kwakuyolungiswa ngemuva kwalokho. Amehlo kaNgubane awela eBhayibhelini wakhumbula u-Dkt. Thathezakhe Mdlalose. NgokukaNgubane wayethi abantu abafunde njengo Dkt. Mdlalose bafanele babe nokuqonda okudlula okweBhayibheli. Leli Bhayibheli umkakhe wayeliphiwe ngunina kaBafana ngemuva kokushada kwabo. Walibukabuka iBhayibheli uNgubane lamethusa. Kwase kuphele iminyaka engaphezu kweshumi iBhayibheli lingasaziwa kuleli khaya. Wawuchiliza umcabango wokuthi konje uma kuyindodana yakhe eshonile engozini ebibikwa ngabasakazi, kungadingeka ukuba kube nomlindelo.

Waqonda ekamelweni lendodana yakhe wasengena kuwodilobhu engumangena-umile. Wagijimisa amehlo kumiswenko yendodana yakhe wethuka. Wayengazi ukuthi kanti indodana yakhe seyinamajekhethi esikhumba amathathu, kanye nejazi lesikhumba. Amehlo kaNgubane awela enqwabeni yezicathulo. Kwakunepheya yama-*Reebok*, ipheya yama-*Nike* kanye namapheya amthathu ama-*LA Gear. O-Stacey Adams, o-Florsheim* no-*Pierre Cardin* bezicathulo babeneyabo ingqungquthela phansi kowodilobhu. Wabala amabhande endodana yakhe wamangala ngento ayibona uNgubane. Amabhande ayeqile ku-10, kanti amakilesibhande ayemathathu. Amahembe kasilika ayewodwa, kuthi nawerayoni abe wodwa, kanti nakakotini ayewodwa. Kwakungathi indodana yakhe ithengela ukushada.

Wayesexakwe yilesi simo ngenkathi ezwe umsinjwana kungathi kukhona abaxoxa khona lapha endlini. Watheleka ekhishini wafika nje ngenkathi u-*Euthenasia* eyotshobela ekamelweni lakhe. Wabingelela u-*Melody* kodwa waphuthuma ku-*Euthenasia* engasezwanga ukuthi unjani u-*Melody*. Wangena emnyango wayohlala embhedeni wasethi, **'Hlala phansi *Euthy* ungitshele ukuthi uphumaphi.'**
Kwamthokozisa u-*Euthy* ukubona uyise engxamile ngesimo sakhe ngoba wayazi ukuthi uyise akanandaba nabo. Umuntu obakhathaleleyo ngunina. Wahlala phansi izandla wazibeka ngaphansi kwamakhwapha ngemuva kokuphambanisa izingalo. Wadonsa umlomo waphukula. Wathula uyise elinde ukuba asho ukuthi uphumaphi. Ekubona ukuthi u-*Euthenasia* akasho lutho, waphinda uNgubane wathi, 'Uphumaphi *Euthenasia* sesikhathazeke kangaka ngawe?'
'Awu bese ukhathazekile ngami baba. Ngiyathokoza ukukuzwa lokho. Ngangingazi ukuthi ubaba uyakhathazeka ngathi. Ngiye ngithi uma ngibona sihamba nomama njalo ngithi thina siyizingane zikamama ...'
'Uyabheda!' kubhavumula uNgubane. 'Ngithe kuwe uphumaphi. Angibuzanga leyo mibhedo ongitshela yona.'
'Ngiphuma esikoleni baba.'

13.1 Nikeza isizathu esenza umlingiswa onguBafana ethuke uma evula iwodilophu engumangena umile. (1)

13.2 Ludalwa yini udweshu lwangaphakathi kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

13.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana senoveli. (2)

13.4 Xoxa ngomoya otholakala emagameni aqgamile atholakala kulesi siqeshana. (4)

13.5 Chaza ukulandelana kwezigameko ezaholela ekuphelelweni umsebenzi kukaJohn Ngubane. (3)

13.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaPoppy ukube umlingiswa uBafana wazithatha izingane zikaLinono? (2)

13.7 Qhathanisa uthando lomlingiswa onguMaXakushe kanye noCele ngezingane zikaBafana ekudluliseni indikimba yale noveli. (3)

13.8 Ngabe isimo sokukhuluma esidwetshelwe simveza njengomlingiswa onjani u-Euthenasia? Sekela impendulo yakho. (2)

13.9 Uyavumelana yini nokuthi le noveli iphele ngepholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)

13.10 Phawula ngokwenzeka esethulweni sale noveli mayelana namagugu omphakathi (indlela eyamukelekile yokuziphatha) ubhekise kumlingiswa onguLinono. (3)
[25]

NOMA

UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba

Phendula umbuzo OWODWA.

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

Xoxa ngesizinda salobu buciko bomlomo obuyinganekwane ethi: **Inkosi Yezinyoni** kanye nesizinda sezibongo ezithi: **Usuku Lwamagugu**.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.Ulindeleke ukuphendula lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isizinda.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa ngesizinda, ukucaphuna nokusekela ngokwenganekwane kanye nezibongo.
- Ukuveza uvo lwakho ngesizinda senganekwane nezibongo. **[25]**

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

IZINGANEKWANE: 'UNOGWAJA NEBHUBESI'

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

ISIQESHANA E

Umxoxi: Kwesukasukela …
Abalaleli: Cosu!

Kwakukhona unogwaja owayehlala ehlathini nezingane zakhe ezimbili.
Unogwaja wayethanda ukuhambahamba nezingane zakhe ehlathini ezifundisa indlela yokuziphatha ehlathini ngoba kunezingozi eziningi. Unogwaja wayenezitha ukwedlula zonke ezinye izilwane ehlathini. 'Iningi lonogwaja lifa liselincane ngenxa yokwanda kwezitha,' wayeziyala izingane zakhe unogwaja. 'Asikho esinye isikhali onaso ngaphandle kokuhlakanipha, kumele nikwazi ukushesha niyisebenzise ingqondo, ikakhulukazi lapho nisenkingeni,' waqhubeka nokuyala unogwaja.

Kuthe ngelinye ilanga bezihambela njalo ehlathini bezwa umsindo owabethusa bonke. 'Hhi! ... Hhi! ... Hhi! ... Hhi!' Umsindo wawuqhamuka ngasemfuleni. Ajombe unogwaja ame aqalaze. Kusale okuyizingane kuqube phansi. Aqalaze ephindelela unogwaja, yize engaboni lutho. Umsindo osholo phansi uyaqhubeka njalo.

'Wozani zingane siqhubekeni nohambo lwethu,' Washo unogwaja eqhweba izingane. 'Kufanele sihambe ngokucophelela, kukhona okungalungile lapha ehlathini,' waqhubeka unogwaja ejeqeza macala wonke.

Babehamba ngokunyonyoba babuye bame baqalaze futhi balalelisise umsindo. Ngisho nezingane zazilingisa unina ekuhambeni ibangana zibuye ziphakamise izinyawo zangaphambili zime ngezasemuva ziqalaze.
Bathi besahamba onogwaja bazithela ebhubesini elalilele ngohlangothi phansi.

'Hhiiii!' Usho umsindo kube sengathi kundindizela izulu. Yibhubesi eligugile, libanjwe yisihibe, alikwazi ngisho nokunyakaza. Sekuguge utshani kanye nezihlahla lizabalazela ukuphunyuka kodwa cha, akuphunyuleki.

'Ngisize nogwaja, ngafa!' Kumemeza ibhubesi ngezwi elihoshozelayo.
Zijombe izingane zize ziyoma ngemuva kukanina.
'Hhi!' Ibhubesi livusa ikhanda libuye lilale phansi.
'Ungibizelani?' Unogwaja ebuza eqalaza macala wonke.
'Ngicela uzongiqaqa,' ibhubesi likhuluma linqamukelana. Aqalazisise unogwaja, kungenzeka ukuthi nakuba leli bhubesi libambekile, kukhona elinye elicashile eduzane.
'Sengihlale lapha ngibambekile inyanga yonke futhi ngingadli lutho. Abadlulayo bezophuza amanzi abafuni ukungikhumula. Ngithi ngingamemeza ngizicelela usizo, bahlabe ngejubane bengishiya ngisosizini,' labubula ibhubesi lichiphiza izinyembezi. Unogwaja wasondela ehambe eqalaza.
Wafika ebhubesini walikhulula isihibe, wayiphonsa phansi intambo, wagxuma wama kude.
Waqhubeka unogwaja nohambo kanye nezingane zakhe.
Lithe lingakhunyulwa ibhubesi, lavuka laba lisha. Kwaphela ngisho nokubhocobala komzimba.

15.1 Nikeza iziyalo unogwaja azinika izingane zakhe kulesi siqeshana. (1)

15.2 Hlanganisa ndawonye okufanayo phakathi kwale nganekwane kanye nehubo elithi, 'Ngihlushw' ukufa'. (2)

15.3 Chaza ukuthi isisho esithi, 'Ukuba yibhubesi' saba namthelela muni empilweni yebhubesi. (3)

15.4 Xoxa ngomlayezo otholakala kule nganekwane ubhekise kumlingiswa oyibhubesi. (2)

KANYE

IZINGANEKWANE: 'INKINGA YESELESELE'

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

ISIQESHANA F

Ntambama isele lalizintwezela kamnandi emanzini apholile. Lalintweza lize lilale nangomhlane. Amanzi eyelokhu ethi ntwe uma lishwiza leneme.
Lathi lingazelele lethuka selizithela engwenyeni.
'Wahamba uzihloma yonke indawo, usuyikhokhile intela yenkosi?'
Kusho ingwenya inengiwe. Lethuka isele lacishe lakhwincwa ngamanzi.
'Wena wakomkhulu, ngabe ngikunika manje intela leyo. Ngeshwa ngilibale isikhwama sami semali ehlathini, kodwa bese ngiyinike indlovu intela yami, phela mina ngikhonza enkosini uBhubesi,' laphendula isele.
Ingwenya yashaqeka ukuzwa lokhu. Yathi uma ilibuka isele yalibona lizithobile likhuluma iqiniso. Ingwenya yanikina ikhanda idumele, yagwija, yanyamalala emanzini.
Iselesele lawaqamba amanga kwaze kwaphela izinyanga eziyisithupha. Ngenyanga yesikhombisa kwenzeka ukuthi indlovu idibane nengwenya ngenkathi iyophuza amanzi esizibeni.
'Sibonene nduna yasemanzini,' kubingelela indlovu.
'Sibonene nduna yasehlathini,' kuphendula ingwenya.
Zombili lezi zilwane zaqala ukuxoxa ngobuduna bazo, zikhombisa ukubujabulela ubuduna bazo lobo. Kwathi zisadla ingevu, qhamukiyane isele lingazelele lutho. Isele lansondo lazithela phezu kwazo zombili izinduna lezo.

'Hheyi wena, wagxumagxuma ehlathini lenkosi, ngabe usuyikhokhile intela yenkosi uBhubesi?' Kubuza indlovu. Isele lathuka lapho libona indlovu nengwenya lacabanga ukuthi kungcono libaleke. Indlela eyayilula kulona kwakungukubalekela emanzini. Kwathi lapho lisangeni ngezinyawo emanzini, ingwenya yabuza wona lowo mbuzo wezimanga, 'Hheyi wena, wagxumela emanzini enkosi ngabe usuke wayikhokha intela yenkosi uNkanyamba?'

Zayima emthumeni eseleni. Yayingekho indlela yokuqamba amanga. Lanele labona ukuthi izinto zimbi, laqalaza ngapha nangaphaya. Ngenhlanhla labona umgodi bude buduze nosebe. Lagxuma lathi ntwi! Lazishutheka emgodini owawusosebeni lwechibi lelo. Laqhuba isikhashana lapho. Lathi lapho selibona ukuthi liphephile, laqala ukucula lijabule, 'Klwe, klwe, klwe! Angikho ehlathini la! Klwe, klwe, klwe! Angikho emanzini la! Klwe, klwe, klwe! Ubani onesibindi sokungifuna intela?'

Lasinda kanjalo-ke isele.

Umxoxi: Cosi, cosi iyaphela.
Abalaleli: Yamnandi le ndaba!

15.5 Shono inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu kule ndaba. (1)

15.6 Hlanganisa ndawonye okufanayo ezenzweni zesele nezibongo zenkosi u-Albert Luthuli ezenza agcine engathekiswa ngendlovu. (2)

15.7 Nika impendulo yesiphicaphicwano esilandelayo uyibhekise enganekwaneni engenhla: *Ngikuphicaphica ngensizwa yami ethi, ngihlala la, ngihlale lapho, ngihlale nale.* (2)

15.8 Phawula ngesiphetho sale nganekwane ukuthi sabanamthelela muni esizindeni sendawo ubhekise kumlingiswa oyixoxo kule nganekwane. (2)

KANYE

Funda la mabinza acashunwe ezibongweni, kanye nasezishweni bese uphendule imibuzo ezolandela ngezansi:

ISIQESHANA G

IZIBONGO: 'IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI'

1 INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMvoti,
2 Kwanyakaz' abamhloph' abelungu,
3 Kwathi i-American Board
4 Yamthwesa isicoco.
5 Abelungu bakufundisa ulim' lwenkomo kaHaga
6 Kant' uzobaphendukela eziswini njengotshwala.
7 Umkhombi wendlela ayikhathule,
8 Umhambi wendlela ayikhombile.
9 Ongagcinanga ngokuyikhomb' inkululeko,
10 Kodwa wayifaka wayitshikitshela,
11 Wayifaka esikoleni,
12 Wayifaka esontweni
13 Indlela yenkululeko.
14 Ngiyasesaba isibindi sakho weMandlanduna!

15 Ndlovu kayibhekeki.
16 Ndlovu edel' ukubusa
17 Yaqoma ukuhlupheka.
18 Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo
19 Babeyixokozela abasekhaya,
20 Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,
21 Babeyihlanganisela abasezitheni.
22 Nanamhlanje basakhexile ngeNobel Peace Price.

23 Mqali wezindlela ezenyukelayo,
24 Mqambi wezindlel' eziya ku-1994,
25 Uyibekile induku ebandla,
26 Wabashaya engeqiwa ntwal' abamhlophe,
27 Mandlanduna awuseyikubhubha.

28 INkosi evivise ngepensela,
29 Abelungu bevivisa ngemijojantaba.
30 Wabengul' inkung' abakithi,
31 Kwath' abeLumbi wabagez' ubebebe,
32 Sewungenisile mfo kaMvumbi

33 Zaziyishumi kuZibandlela 1961,
34 Bakwethesa imyezane yokuthula,
35 Kwamangala umhlaba wonke,
36 Awusalweli uKhongolose kuphela,
37 Awusalweli ama-Afrika kuphela,
38 Sewulwela umhlaba wonke.
39 Uyingqwayingqwayi uyingqonyela!

ISIQESHANA H

IHUBO: SENZENI?

Igosa: Senzeni na?
Abavumayo: Senzeni na? Senzeni na?

ISIQESHANA I

IZISHO

1. Ikati negundane
2. Ukuyibamba ishisa

15.9 Caphuna ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1 bese unikeza nomqondo oqukethwe yikhona ngokwaleli binza. (2)

15.10 Chaza kafushane ukuthi amagama adwetshelwe atholakala emgqeni wama-24 ezibongweni ukuthi abe namuphi umthelela kulesi sisho sesi-2 esiqeshanini I. (2)

15.11 Ukuxhumana okuqukethwe ibinza loku-1 emgqeni wesi-10 kuya kowe-12 kukwelekelele kanjani ukuqonda ihubo elingenhla? (2)

15.12 Ngabe uvezwe njengomuntu onjani u-Albert Luthuli? Nikeza isizathu sempendulo yakho ubhekise ebinzeni lesi-4. (2)

15.13 Uyavumelana nokuthi isisho sesi-2 esitholakala ngenhla simayelana nokushiwo yizibongo ebinzeni lesi-4? Sekela impendulo yakho. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo othi, *Kudela Owaziyo*. *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza isakhiwo somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo somdlalo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo kulo mdlalo. **[25]**

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA J

CHIVENGA:	*(Usezinhlungwini, usikhuluma ubukwerekwere isiZulu.*) Ngikhuluma indaba yokuthi imisebenzi yami yonke imile nse ngaphandle njengoba ngihlikwahlikwa yizinhlungu nje mina lapha esibhedlela. Futhi-ke ngizibona ngikwenkulu inkinga lena uma ngabe le nto ingapheli, kwazise phela muphi namuphi umsebenzi awukwazi ukuqhubeka ngokuyimpumelelo ngaphandle kokwedlula ezandleni.
MBHEBHEZELI:	**Yiqiniso elingenakuphikiswa lelo mfowethu.**
CHIVENGA:	*(Usahlinile usalokhu ebambe isandla usikhuluma ubukwererekwere isiZulu.)* Angazi noma kufanele kengiyohlola yini kwababonayo nabanamanga ukuthi ingempela layo le nto isho ukuthini kanye nokuthi ngiyithole kanjani. Mhlawumbe kusengenzeka nje ukuthi ngiyithole ngokubekelwa umuntu mumbe esengike ngaxhawulana naye uma kungeyisona isitshopo.
MBEBHEZELI:	Khona ngempela sikhathazeke sonke thina malungu omphakathi ngokubambeka kwakho Chivenga mfowethu njengalokhu usezinhlungini nje kwazise ubambe elikhulu iqhaza leli wena ekuyidwebeni uyibeke ezingeni elingcono nelithe thuthu indawo yangakithi ebalazweni ngenxa yekhono lakho elibabazekayo nelincomekayo, ngakho-ke asisoze sakulahla thina mphakathi kodwa kunalokho siyobe silokhu siwa sivuka nawe ebuhleni nasezimpicothini eziyisitha somuntu olungile njengawe nje nozaziyo ukuthi uzimisele ngani empilweni.
CHIVENGA:	*(Usikhuluma ubukwererekwere isiZulu.)* Waze wangiqinisa idolo Mdluli ngala mazwi akho.

MBHEBHEZELI:	Uyazi ukuthini? Angikafuni ukugonyuluka amaqiniso okwamanje maqondana nembangela yokuxineka kwakho kanye nokuthi ungelapheka kanjani, ngenxa yokuthi ngiyobe ngikucindezela nezinhlungu kakhulu ngokwenzenjalo kanye nokugqilazeka ngenxa yemicabango, kodwa lilonke nje yizinto zabantu lezi. Wena ubekelwe ngumuntu onomona engingakazukukutshela okwamanje ukuthi ungubani anduba udedelwe lapha esibhedlela. Ekudedelweni kwakho-ke kumele ubonane nami ngokushesha <u>ukuze ngilihlanze lonke iqiniso okomuntu efa ukuthi kusukaphi, kuyaphi, kubangwa yini, kanjani</u>?	25 30
CHIVENGA:	*(Useze wahlahla amehlo, umangele.)* Hawu!	35
MBHEBHEZELI:	Kodwa-ke ngethembise wena ukuthi ngeke ulutatazelele lolu daba ngize ngikwenekele lonke ukusuka nokuhlala ngoba kadeni ayibanjwa isavele ngekhanda hleze ingabe isaphuma yonke ngokuphelele.	
CHIVENGA:	*(Unqekuzisa ikhanda.)* Impela kunjalo.	40
MBHEBHEZELI:	Futhi-ke uma sengikutshelile ukuthi ngubani lona okugila le mikhuba ngicela ungangidaluli ngoba uma wenze njalo uzosuke ethuke bese eyangixwaya ngoba ngisondelene kakhulu naye ngaleso sizathu-ke ngize ngibe senkingeni yokukwelekelela ukuba ucushwe kanti kumele aboshelwe inja nogodo ukuze athole esihle isifundo lesi aze atshele nabanye ukuthi bangadlaleli neze esidalweni sikaNkulunkulu.	45

17.1 Gagula izinkinga EZIMBILI umlingiswa onguChivenga abhekene nazo kulesi siqeshana. (2)

17.2 Xoxa ngethoni etholakala enkulumeni kaMbhebhezeli ubhekise emagameni agqamile. (2)

17.3 Chaza kafushane indlela umlingiswa onguMbhebhezeli avezwe ngayo kulesi siqeshana. (2)

17.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinyathelo ezathathwa umlingiswa onguChivenga ukuze angaphathwa njengekwerekwere kepha amukeleke njengesakhamuzi sendawo. (4)

17.5 Iyini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? (2)

17.6 Ngabe uLondiwe usibangele kanjani isixakaxaka empilweni kaMdaluli? Sekela impendulo yakho. (3)

17.7 Ngokwazi kwakho umdlalo, inkulumo edwetshelwe kulesi siqeshana inasiphi isigameko esifihlelwe uChivenga? (3)

17.8 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uMaMlanduli amxolele uMdaluli ngenkathi eboshiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

17.9 Uyavumelana nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (3)

17.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isizinda esimayelana nesikhathi kulesi siqeshana. (2)

[25]

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo othi, *Awuwelwa uMngeni*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza isakhiwo somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo somdlalo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo kulo mdlalo. **[25]**

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA K

SALIMANI:	Imantshi yaseMshwathi enguNdabazabantu uZithulele ungikhulumele insumansumane ezinsukwini ezintathu ezedlule. Njengoba iningi lenu, ikakhulukazi labo abadala, liyazi ukuthi amapulazi angaphesheya koMngeni abelungu bamapulazi asebethi indawo yabo namhlanjena, yizwe lika Manyosi elathathwa kithina ngandlela engenelisanga.	5
ABANTU:	*(Kube khona abavumayo benanela.)*	
SALIMANI:	Ngilapha phakathi kwenu namuhla ukuzonazisa ukuthi uHulumeni ngomlomo kaZithulele ethunywa nguSomtsewu uthi le ndawo yakwaVimbingwenya kanye nephakathi kwemifula Umngeni noMkhabela enakhe kuyona, useyangephuca yona uyinika abelungu bakubo. *(Ahwaqabale.)*	10
ABANTU:	Hhawu! Baxokozele kube nobuxokololo bekhononda bezwakalisa ukungavumelani nalokhu okushiwo nguSomtsewu.	
MCONDO:	*(Asukume.)* Ake kuphinde kuthule-ke futhi iNkosi isaqhubeka nokuchaza.	15
ABANTU:	*(Kubekhona abathi.)* **Usiwelisa Umngeni ngasizathu sini nje nempela?** *(Abanye bathi.)* Unamagangangozi. *(Kubekhona nabathi.)* Uzidlalela ngegeja kuziliwe. *(Kubuye kuthule futhi cwaka.)*	
SALIMANI:	Kuzwakale ngemvunge yokuvungama kwenu ukuthi aneneliswa nakancane yilesi senzo. Angithi kunjalo?	20
BONKE:	Kunjalo! *(Bephakamisa izandla ngobuningi babo.)*	
SALIMANI:	UZithulele ngimtshelile lokhu. UZithulele ngimtshele ngamdonsa ngendlebe ukuthi nina aniwuweli uMngeni. Ngimtshelile ukuthi abelungu abawuweli uMngeni. Uthi-ke isizathu salokhu kwenza kwabo, yingenxa yesicelo sabelungu. Bathi njengoba umfula uMngeni waphanjulwa uzamcolo nje esikhondweni sawo, zolo lokhu, ingxenye yawo enkulu yase ishaya nganeno, lowo yiwona mngcele omdala wendabuko. Uthi bathi-ke uma umngcele wawuvele unjena uVimbingwenya wayeyoba yingxenye yamapulazi.	25 30

ABANTU:	Hhawu! *(Kube nokuvungama nobuxokoxoko.)*	
SALIMANI:	Lolu daba sesilunkankanye kabanzi nabafowethu nezinduna NoNdabazabantu uZithulele sengimtshele kwaze kwaba kwakabili ukuthi kuhlala kuthiwa uHulumeni akaphikiswa nje, ngalesi senzo, udlala ngomlilo. Nizothanda ukuzwa elenu ilaka ngoba ngimtshelile izolo ukuthi nanxa ngingahambisani nakancane nalesi sinqumo sabo kodwa ngizonixoxela le nsumansumane. Ngizothanda ningakaphefumuli kekuphefumule nazi izinduna nabafowethu bona asebeke baba nami ngiyilwa le mpi.	35
MBONGOLO:	Nomadlikidlikana ngokudlikiz' indod' ivunule. Wena kaMashwilansimbi! *(Esukuma.)* Mina ngibona kufanele kuqine bona abantu bakwaVimbingwenya, baseMngeni nabaseMkhabela ekwesekeleni iNkosi emizamweni yayo yonke yokuvimba ukufezeka kwale nhloso enganambitheki ngalezi ndawo. Sonke asisabulali ubuthongo ngenxa yalolu daba. Lolu daba olungadingi nje ukumelwa ngezinyawo uMntakaManyosi lona eyedwa noma noVimbingwenya, uMngeni noMkhabela bebodwa. <u>Udaba lolu oludinga amaqhinga esizwe sonke sikaManyosi</u>.	40 45
ABANTU:	Elethu!	

19.1 Gagula izinkinga EZIMBILI umlingiswa onguSalimani abhekena nazo kulesi siqeshana. (2)

19.2 Xoxa ngethoni etholakala enkulumeni yabantu ubhekise emagameni agqamile. (2)

19.3 Chaza kafushane indlela umligiswa onguMbongolo avezwe ngayo kulesi siqeshana. (2)

19.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinyathelo ezathathwa nguZithulele ukuze abelungu bazuze uMphiliphili. (4)

19.5 Iyini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? (2)

19.6 Ngabe uMphiliphili usibangele kanjani isixakaxaka empilweni yesizwe sikaSalimani? Sekela impendulo yakho. (3)

19.7 Ngokwazi kwakho umdlalo, inkulumo edwetshelwe kulesi siqeshana inasiphi isigameko esifihlelwe uZithulele? (3)

19.8 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uSalimane amxolele uMphiliphili? Sekela impendulo yakho. (2)

19.9 Uyavumelana nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (3)

19.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isizinda esiveza isikhathi kulesi siqeshana. (2)

[25]

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo othi, *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza isakhiwo somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekuvezeni isakhiwo somdlalo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo kulo mdlalo. **[25]**

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA L

NKUMBULO: Ngamanga lawo mfowethu.Ukhona umuntu ongashada okwesibili kepha engahlukanisile emshadweni wokuqala?

THAMSANQA: Kangisinisi mahleza. Isitifiketi somshado ngisibone ngawo lawa omabili. Kuthe ngizisakaze ngenhlamvu ngendlela engisuke ngathukuthela ngayo. Ngicishe ngaqhuma uqobo lolu. *(Asukume esihlalweni abehlezi kusona eme ngezinyawo.)*

NKUMBULO: Uyayikholwa kodwa wena le nto? Musa ukudlala izigebengu zaseGoli Thamsanqa. Wazi ngani ukuthi uboshelwe amanqina enyathi nje kukhulu abakufuna kuwe noPhindisiwe?

THAMSANQA: Nkululeko lo muntu akedeleli kangazi nokuthi ngingamfanisa nasiphi isilwane esidelelayo siphinde sibe nenkani futhi. Angikaze ngimuzwe umuntu odelela ngale ndlela. Awukezwa lutho wena.Uthe esuka lapho wathi uyangembulela uPhindisiwe into ayifunayo manje ngumfana wakhe uZiphozonke.

NKUMBULO: Ukhuluma olunye udaba manje. **Lo muntu ubehlezikuphi yonke le minyaka kuyima esezofuna ingane yakhe nomkakhe?**

THAMSANQA: Yingxaki leyo mfowethu. Izolo ngihluthukelwe yinhliziyo kangafuna nokwazi ukuthi ubeqube kuphi sonke lesi sikhathi kepha ngizwe ngobaba ethi ubesejele ngenxa yakhe futhi uPhindisiwe. Namanje ngisafuna ukwazi ukuthi kwakwanzenjani njengoba kuthinteka noPhindisiwe.

NKUMBULO: Le ndaba ifuna ukubukwa ngamanye amehlo. Bengithi lolu daba luncane kepha sengiyabona ukuthi ngumqansa impela. Pho ubona ukuthi kwenziwe njani manje?

THAMSANQA: Ukulungena ngenxeba lolu daba ngeke kungisize ngakho-ke indoda ilala iphenduka. Ngisazoyidlela amathambo ekhanda. Nawe ungangicebisa nje ukuthi ngingathatha yiphi indlela. Ngiyazi iningi liyabubona ububende kepha iso lilodwa kaliphumeleli.

NKUMBULO:	Kuhle-ke uma kunjalo ngoba indoda nxa isihilwa ngamanzi kufanele kufanele iphakamise izandla nephimbo ukuze bayizwe abemi osebeni lomfula bayihlangule ingaze icwile kanti usizo belusezinkwazini zomfula.	30
THAMSANQA:	Ekhaya besike sabonisana ngamaphoyisa ukuthi kuhle asizwe ukuze kuqala kubanenkinga yokuhlaselana kuyaziwa ukuthi amadlambi olwandle awela ngakuluphi uhlangothi.	35
NKUMBULO:	Yiqiniso lelo kepha mina benginombono owehlukile. Kubalulekile ukuthi amaphoyisa aziswe ngenxa yezinsongo ezilokhu zikubhince emhlane kepha osekuyinkinga manje yindaba kaZiphozonke. Kufanele kube nendlela yokumvikela. Kuyisu elihle ukuthola Iqiniso ukuthi le ndaba injalo yini emuva kwalokho bese uthatha ummeli akucebise ngomphumela waleli cala nomkhondo wendlela okufanele ulandelwe. Yicala elibomvu klebhu phela leli.	40
THAMSANQA:	Okungixaka kakhulu ngoPhindisiwe ukuthi ubedlala muphi umdlalo? Ngimangazwa ukuthi waphika walala ngomhlane ngendaba kaNkululeko kepha kamuva nje wayithinta usevele avuke inja ebomvu angangeneki luqobo.	45

21.1 Gagula izinkinga EZIMBILI umlingiswa onguThamsanqa abhekena nazo kulesi siqeshana. (2)

21.2 Xoxa ngethoni etholakala enkulumeni kaNkumbulo ubhekise emagameni agqamile. (2)

21.3 Chaza kafushane indlela umlingiswa onguNkumbulo avezwe ngayo kulesi siqeshana. (2)

21.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinyathelo ezathathwa nguNkululeko ukuze athole imali kuPhindisiwe. (4)

21.5 Iyini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? (2)

21.6 Ngabe uPhindisiwe usibangele kanjani isixakaxaka empilweni kaThamsanqa? Sekela impendulo yakho. (3)

21.7 Ngokwazi kwakho umdlalo, inkulumo edwetshelwe kulesi siqeshana inasiphi isigameko esifihlelwe uThamsanqa? (3)

21.8 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uThamsanqa amxolele uPhindisiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

21.9 Uyavumelana nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (3)

21.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isizinda esiveza isikhathi kulo mdlalo ubhekise kulesi siqeshana. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80